Ngokwesibonelo, kuduteronimi 18 siyafunda”15. UJehova unkulunkulu wakho uyakukuvusela umprofethi phakathi kwako kubafowenu onjengami; nimlalele yena; 18. Ngiyakubavusela umprofethi onjengawe phakathi kwabafowabo, ngibeke amazwi ami emlonyeni wakhe, akhulume kubo konke engimyala ngakho. Ku – Isaya 11 siyafunda : 10 kuyakuthi ngalolo suku impande kajese ime iyibhanela leziswe; abezizwe bayakuyifuna, nendawo yayo iyakuba nodumo. ku-Isaya 42 siyafunda; 1 bheka inceku yami engiyisekelayo, okhethiweyo wami othokoza ngaye umphefumulo wami; nginikele umoya wami Phezu kwakhe, uyakuKhiphela izizwe ukuwahlulela 3. Njengoba sifunda ukusebenzelana kukankulunkulu nezesizwe sakwa–israyeli, kuba sobala ukuthi isizwe Sisonke sasivame ukuhlubuka kunkulunkulu. Isibonelo, unkulunkulu wabakhipha egibhithe ngesandla esinamandla ngo 1447 b.c nokho amadoda empi anaminyaka engu–20 nangaphezulu abhubha ehlane ngenxa yokungakholwa. Ezinsukwini zomprofethi uSamuweli, u-israyeli waphikikelela efuna inkosi, nakuba unkulunkulu ayebabonise ukuthi uyawakhathalela ngokuphindaphindiwe. Ngesisuku zikaSolomoni, uSolomoni wakhela onkulunkulu bamanga ama-altare ukuze athokozise abafazi bakhe abaningi, kangangokuthi ekufeni kwakhe, unkulunkulu wadabula izizwe eziyishumi kweziyi – 12 endlini kaDavide, owayethanda uJehova ngokushisekela, kwasala kuphela izizwe izmbili zakwa – Juda noBenjamini.

Izizwe eziye – 10 zakwa – israyeli zaqhubeka nokukhonza izithombe futhi zanqotswhwa yi – Asiriya ngo – 70 9 b.c. uJuda nenhloko – dolobha yakhona iJerusalema lapho ithempeli, nomphongolo kankulunkulu nengwele yezingewele kwakumi khona, wehluleka ukufunda izifundo futhi waqhubeka nokukhonza izithombe. Ngemva kweminyaka eyikhulu, ngo – 609 b.c, uJosiya, owayeqale ukubusa eneminyaka engu – 8 ubudala futhi owayebuse iminyaka engu 31 kwajuda futhi engomunye wamakhosi amesaba kakhulu unkulunkulu ake abusa kwajuda, wabulawa empini, eyavula indlela yokuba isahlulelo sehlele ujuda ngenxa yokukhonza kwakhe izithombe. ngo–587 b.c . iJerusalema nethempeli kwabhujiswa ngokuphelele abasebabiloni. Okubalulekile okuthathwayo ukuqaphela ukuthi naphezu kwenkosi eyasaba kakhulu unkulunkulu, isahlulelo unkulunkulu ayethe sasiyokwehlela ujuda safika Ngokuhambisana necebo likankulunkulu.

Unkulunkulu wabhala ku 1 korinte 10: 1 ngokuba angithandi, bazalwane, ukuba ningazi ukuthi okhokho bethu bonke babephansi kwefu, bonke badabula ulwandle; 2. Bonke baphaphathizwa kuMose efwini naselwandle; 3 bonke badla kudla kunye komoya; 4 bonke baphuza kuphuza kunye komoya; ngokuba baphuza edwaleni lomoya elabalandelayo, idwala lelo lalingukristu, 5. Kepha iningi labo unkulunkulu wayengathokozi ngabo,; ngokuba bashaywa phansi ehlane. 6. Kepha lokho kwaba yizibonelo kithi, size singafisi okubi , njengalokho bona babekufisa. 7. Futhi ningabi ngabakhonza izithombe njengabanye kubo, njengokulotshiweyo ukuthi; ‘abantu bahlala phansi ukuba badle, baphuze, basukuma ukuba badlale.

8. Futhi asingenzi ubufebe njengokuba abanye kubo benza ubufebe, bafa ngalusuku lunye abayizinkulungwane ezingamashumi amabili nantathu 9. Futhi asingayilingi inkosi njengabanye kubo bayilinga, babhujiswa yisinyoka. 10.Futhi ningakhononi ngengabanye Kubo bakhonona, babhujiswa ngumbulali, 11. Kepha lezo zinto zabehlela bona kube yizibonelo ; kulotshelwe ukusiyala thina, osekufikile kithi ukugcina kwezikhathi.

Lapha unkulunkulu usitshela ukuthi lezo zinto ezehlela isizwe sakwa – israyeli zalotshelwa ukuba zisiyale thina osekufikelwe ukuphela kwezwe. Ukugcini lapho, unkulunkulu ngokwakhe uprofethile ukuthi ukwahlulela kwakuyokwehlela amabandla etestamente Elisha njengoba nje isahluleli sehlela isizwe sakwa – israyeli. Umlando wawuyosiphinda, futhi imithetho iyafana namuhla njengoba yayinjalo ngaleso sikhathi. Ukristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.

5. unkulunkulu wabikezela ukuthi kwakuyoba khona ukuhlubuka kuwo wonke amabandla ngaphambi kokuba kufike usuku lukakristu, nokuthi ukwahlulela kwakuyoqala endlini kankulunkulu (2 thesalonika 2 :1 – 4; 1 petru 4;17) emuva ezinsukwini zika -Eliya, unkulunku wabonisa ukuthi esizweni sakwa – israyeli, cishe esasinabantu abayisigidi, kwakunabangu–7000 amadolo abo ayengazange aguqe esithombeni sikabhali. Unkulunkulu ubonisa kwabaseroma 9 : 6 akusikho okunghathi izwi liphuthile ngokuba asibo bonke abavela ku–israyeli abangakwa–israyeli; 7. Nakuba beyinzalo ka–Abrahama, bonke abasibo abantwana, kodwa kuthiwa! ‘ngo–Isako iyakubizwa inzalo yakho ‘ 8. Lokhu kungukuthi akusibo abantwana benyama abangabantwana bakankulunkulu labo, kodwa abantwana besithembiso bathiwa inzalo.9. ngokuba lingelesithembiso leli zwi lokuthi; ‘’ngalesi sikhathi ngizakufika; khona uSara usakuba nendodana’’ 10. Akuyilokhu kuphela, kodwa kwaba njalo nakuRebeka ekhulelisiwe ngoyendwa, u–Isaka, ukhokho wethu;

11.Ngokuba bengakazalwa, bengakenzi okuhle nokubi, ukuze icebo likankulunkulu eliya ngokukhetha lime, 12. Kungabi ngemisebenzi, kodwa kube ngaye obizayo, kwashiwo kuye ukuthi; ‘’omkhulu uyakukhonza omcane’’; 13. Njengalokho kulotshiwe ukuthi; ‘’uJakobe ngamthanda, kepha u–Esawu ngamzonda’’.

Kwabaseroma 9 unkulunkulu uyachanza; 30. Ngakho siyakuthini na? ukuthi abezizwe abangafunisisanga ukulunga batholile ukulunga; ukulunga kambe okungokukholwa; 3. kepha u–israyeli, elandela umthetho wokulunga, kafinyelelanka emthethweni. 32. Ngani na? Ngokuba ukubanga ngokukholwa kodwa kungathi ngemesebenzi; baqhuzaka etsheni lokuqhuzula, 33. Njengalokho kulotshiwe ukuthi; ‘’bheka, ngibeka esiyoni itshe lokukhubekisa, nedwala lokuwisa, nokholwa yilo akayikujabha.’’ Unkulunkulu ubonisa ukuthi inkinga ngesizwe sakwa–israyeli yayiwukuthi babefuwa ukufinyelela emthethweni wokulunga ngemisebenzi yomthetho, kuyilapho abezizwe, ababengalandeli ukulunga, sebekutholile ukulunga, yebo ukulunga okungokukholwa, okungukuthi, ukholo lakakristu, olunikezwa ngesihle kulabo abakhethwe ngunkulunkulu ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Unkulunkulu uphetha lokhu kwabaseroma 11 ngokuthi: 25. Ngokuba angithandi, bazalwane, ukuba ningayazi le mfihlakalo, funa nizishaye abahlakaniphileyo, ukuthi inxenye ka – israyeli yehlelwe ngubulukhuni, kuze kungene abezizwe ngokupheleleyo; 26 kanjalo u–israyeli wonke uyakusindiswa, njengalokho kulotshiwe ukuthi…..

Manje nakhu lapho izazi zenkolo eziningi ziye zakhubeka khona, ngoba njengoba zifunda, ‘’kanjalo wonke u–israyeli uyakusindiswa,’’ ngaphandle uma unkulunkulu evula amehlo abo omoya bayehluleka ukuqaphela ukuthi igama elithi ‘’kanjalo’’ lisho ukuthi, ‘’kanjalo,’’ unkulunkulu abekuchanza, okungikuthi, ukuthi kukhona insali esindiswe ngomusa, abanye baphuphuthekiswa. U–israyeli unkulunkulu ambona evesini 26 akasona isizwe sezombangazwe noma inzalo yegazi ka –israyeli, kodwa, u –israyeli kankulunkulu owakhiwe yiwo wonke amakholwa eqiniso avela kuzo zonke izizwe.

5. kusebenza kanjani konke lokhu osukwini lwethu? Lokhu nje, njengoba nje isizwe sakwa–israyeli

sehluleka ukufinyelela umthetho wokulunga, ngoba abazange bawufune ngokholo, kodwa ngemisebenzi yomthetho, kanjalo, futhi, cishe kuwo wonke amabandla namahlelo omhlalaba, kukhona icebo lensindiso eliye lafundiswa elingelona elebhayibhele. Inkolo yosuku lwethu iqukethe ukubheka izibonakaliso zangaphandle njengobhapathizo lwamanzi, olungeke lwageza izono zanoma ubani, amabandla, ngaphezu kwalokho, azisholo ngokwawo igunya elingakaze libe ngelawo. Kuyilapho bethi ibhayibheli liyigunga labo, ngokwenza kwabo babheka imibhalo yobaba bebandla ehlanganiswe ezivumweni ezihlukahlukene zokuvuma izono; nalapho lezo zikhundla zezimfundiso zingabonakala ziphikisana nebhayibheli inkinga ewumsuka ukuthi unkulunkulu akakawavuli amehlo abo omoya. Ukuze bangaqondi ukuthi ukristu, oyizwi likankulunkulu, wakhuluma ngemifanekiso, akakhulumanga kubo ngaphandle komfanekiso (ngokukamarku 4:34)Ibhayibhele lonke lilotshiwe ngendlela yokuthi uma unkulunkulu umoya ongewele engasiholeli eqinisweni, siyoqeja uphawu ngamakhilomitha ayinkulungwane.

Ngaphezu kwalokho, unkulunkulu u beke usathane emasontweni futhi wakhipha umoya ongewele owavimbela usathane ngesikathi sebandla pakathi kwamabandla, ngaleyo indela eqinisekisa ukuthi usathane uyaphumelela kakhulu njengoba efuna ukukhulekelwa njengonkulunkulu (2 thesalonika 2: 1- 12) futhi usukwini lwethu, ikakhulukazi unkulunkulu uvula ukuqonda kwamakholwa eqiniso ukuba abone lezi zinto njengoba unkulunkulu abikezela kuDanieli 12 : 4. Kepha wena daniyeli, gcina amazwi, unamathelise incwadi kuze kube sesikhathini sokugcina; abaningi bayakwehla benyuka, ukwazi kube kuningi ‘’ 9. Wathi: ‘’hamba, Daniyeli, ngokuba amazwi avalelwe, anamathelisiwe kuze kube sesikhanthini sokugcina. 10. Abaningi bayukuzihlanza, bazenze mhlophe, bacwengisiswe, kepha ababi bayakwenza kabi, kodwa akayikuqonda



noyedwa omubi. Nokho abahlakaniphileyo bayakuqonda. Futhi sifunda kuHabakuki 2: 1 ngiyanguma endaweni yami yokulinda, ngigcule enqabeni,ngighankele ukubona ukuthi uyakukhulumani kimi nokuthi ngiyakuphendulani ngoku sola kwami. 2. UJehova wangiphendula wathi; ‘’ wulobe umbono, owuqophe ezibhebheni ukuba kufundwe kalula. 3. Ngokuba umbono usengowesikhathi esimisiweyo; uphuthama ekupheleni, awuyikukhohlisa; noma ulibala, wulindele, ngokuba uyakufika nokufika, awuyikwephuza.

6. lo ‘’mbono’’ oyokhuluma ngesikathi sokuphela uhlobene nokuthi unkulunkulu evula ukuqonda kwamakholwa eqiniso kuze kube sekujuleni kwamaqiniso esikathi sokuphela unkulunkulu alobe ngawo ebhayibhelini, kuhlanganise neqiniso lokuthi amakholwa eqiniso kufanele ashiye amabandla akubo futhi athembele ebhayibhelini kuphela njengegunya lawo.

Incwadi ethi ‘’ ukuphela kwenkathi yesonto nangemva’’ inamakhasi angaphezu kuka – 300 ezikhombo zebhayibheli ezibonisa ukuthi unkulunkulu uyekile ukusebenzisa amabandla endawo njengomfanekiso wangaphandle, obonakalayo wombuso kankulunkulu. Futhi useyalile amakholwa ukuthi aphume (Luka 21:20-22) futhi abalekele ezintabeni (mathewu 24:15-18; amahubo 121: 1-2) lokhu akuyona inketho, lolu wudaba olubucayi kakhulu, olunemiphumela efinyelela kude. Le ncwadi ingadawunilodeka mahlala njenge – pdf evela ku – searchinghisword.com noma zionintravail.com

7. ingabe unkulunkulu usasindisa namamuhla ngaphandle kwamabandla? Yebo, kunjalo impela. Kunesixuku esikhulu esingenakubalwa muntu esisindiswayo (isambulo 7:9-14) ngaphandle kwamabandla nankulunkulu usebenzelana ngokuqinile nabantu ngabanye namuhla njengoba nje



kwakunjalo phakathi neminyaka yokuqala engu–9500 yomlando womhlaba.Unkunkulu usebenza ngaphansi Kwesivumelwano esisha esichazwe kujeremiya 31: 31 – 34,

31 “Bheka, izinsuku ziyeza,” usho uJehova, “lapho ngiyakwenza isivumelwano esisha nendlu ka-Israyeli nendlu kaJuda, 32kungenjengesivumelwano engasenzayo nawoyise mhla ngibabamba ngesandla ukubakhipha ezweni laseGibithe, isivumelwano sami abasaphula noma ngangiyinkosi yabo,” usho uJehova. 33 “Kepha yilesi esiyisivumelwano engizakusenza nendlu ka-Israyeli emva kwalezo zinsuku,” usho uJehova: “ngiyakufaka umthetho wami ezibilinini zabo, ngiwulobe ezinhliziyweni zabo, ngibe nguNkulunkulu wabo, bona babe ngabantu bami; 34 abasayikufundisana, kube yilowo nalowo umakhelwane wakhe, kube yilowo nalowo umfowabo, ngokuthi: ‘Yazi uJehova,’ ngokuba bonke bayakungazi, kusukela kwabancane kuya kwabakhulu babo,” usho uJehova, “ngokuba ngiyakuthethelela ububi babo, nesono sabo angisayikusikhumbula.”

Sibhale ipheshana, ‘’ngithemba ukuthi unkulunkulu uzongisindisa?’ noma dawunilodeka ipdf eveza icebo leqiniso likankulunkulu–lensindiso, akuyona imisebenzi, funa noma yimuphi umuntu aziqhayese. Kufanele, kunalokho, ngokulinda ngesineke enkosini, ibone ukuthi akekho ofanele ukusindiswa.

Sicela uvakashele amawebhusayithi ethu

Searchinghisword.com noma zionintravail.com usithumele i-imeyili ku: info@zionintravail.com.

lalela isivunofm 98.9mHz 106.4mhz ngoLwesine 10p.m. - 11pm, ngeSonto 10 ekuseni - 11am, https//zeno.fm/radio/harvestfmlesotho

Sibalaleli abangu-100% abasekelwayo. Ngiyacela; thumela umnikelo wakho ku; searchinghisword.com/donate



**“Ukuphela kwenkathi yemabandla mangemuva”**

kwephesana zionintravail.com, ikonkonzo eyakwiwe ngabantu aba ngaphandle kwamabandla futhi abazinikele ngokuphelele ekwakweni futhi udumo nenkazimulo kunkulunkulu ubaba wethu nonkulunkulu omkhulu nomsindisi wethu ujesu kristu

Alandelayo amaqiniso abekwe encwadini yomthetho kankulunkulu, ibhayibheli elingewele.

I. ukudalwa komhlaba ngokwekhalenda lebihayibheli kwenzeka ngonyaka we – 11,013 b.c okwakuyiminyaka engu-13,037 endlule ngesikathi sokuloba. Amakhalenda ebhayibele anikezwe kugenesise 5 kanye nogugenesis 11, unkulunkulu wasebenzisa izinzalamizi zekhalenda abazalwa ngawo lowo nyaka okwafa ngawo ukhokho wekhalenda elidlule. Ngakho, sifunda ukuthi uzamcolo wenzeka ngonyaka wama – 600 wokumphila kukunowa, futhi ikhalenda lethu lanamuhla libhekiselwa ekuzalweni kukakristu (namkuba kunephutha leminyaka engu – 7, ukristu ezelwe ngo – 7 b.c)

Eminyakeni yokuqala eyizi – 9500 yomlando wezwe, unkulunkulu wasebenzelana ngokuqinile namakholwa ngamanye, njengo Abela, u-Enoke, uNowa, u- Abrahama, u-Isaka noJakobe. Kusukela ekuphumeni Egibhithe ngo-1447 bc. Nokho, unkulunkulu wa nika umose imiyalo eyishumi ngaleso sikhathi, futhi umose wabhala izincwadi ngaleso sikhathi.

Itestamente elidala lebhayibheli kusukela kueksudusi kuya kumalaki lisinikeza umlando wokusebenzelana kukankulunkulu nesizwe sakwa- israyeli.
Okwafafazwa kuko lonke itestamente elidala kwakuyizin – komba zomprofethi owayezofika kanye nezinkomba kanjalo nensindiso eza kwabezizwe, okungukuthi, labo ababengebona abesizwe noma begazi lwaka– israyeli.